Isifundo 1

**Mandulo 26 - Octhoba 2*

Imfundo Ensimini Yase-Edene

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda:
Gen. 2:7–23; Gen 3:1–6; 2 Pet. 1:3–11; 2 Pet. 2:1–17; Heb. 13:7, 17, 24.

Indimana Yenkumbulo:
"Bheka, uNkulunkulu uphakeme ngamandla Akhe; Ngubani ofundisa njengaye na?" (Job 36:22, NKJV).

Iningi labafundi beBhayibheli liyayazi indaba kaGenesis 1—3 kanye nabalingiswa bayo: uNkulunkulu, uAdamu, uEva izingelosi, kanye nenyoka. Isizinda yinsimu enhle kakhulu eparadesi ebizwa nge "Edeni." Indaba ibukeka ilandela izigameko ezihlelekile. UNkulunkulu uyadala. UNkulunkulu uyaleza uAdamu noEva. UAdamu noEva bayona. UAdamu noEva bayadingiswa eEdeni. Nakuba kunjalo, ukubukisisa izahluko ezimbalwa zokuqala zikaGenesisi, ikakhulu ngesibuko semfundo, kuzokwembula imiqondo ethile ngabalingiswa, isimo, kanye nendaba.

"Uhlelo lokufundisa olwalwesekwe ekuqaleni komhlaba Kwakumele lube yisibonelo kumuntu ingunaphakade. Njengesibonelo sezimiso zalo umfanekiso wesikole wasungulwa eEdeni, ikhaya labazali bethu bokuqala. Isivande saseEdeni sasiyigumbi lesikole, indalo iyincwadi yokufunda, Umdali ngoKwakhe engumqeqeshi, futhi Abazali besintu bengabafundi."—Ellen G. White, *Education*, p. 20.

INkosi yayingumsunguli, uthisha omkhulu, kanye nothisha walesisikole sokuqala. Kepha njengoba sazi,uAdamu noEva ekugcineni bakhetha omunye uthisha futhi bafunda izifundo ezingalungile. Yini eyenzeka, kungani, futhi yini esingayifunda kulombiko wokuqala wezemfundo okungasisiza thina namuhla na?

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha, October 3.*

Isikole Sokuqala

Nakuba singacabangi ngesivande njengegumbi lokufundela, kwenza umqondo lokho, ikakhulu lesi esifana neEdeni, esigcwele umnotho ongaphazamisekile wendalo kaNkulunkulu. Kulukhuni ukucabanga, ngokubona kwethu namuhla, indlela lezizidalwa ezingenasono, emhlabeni ongenasono, zifundiswa nguMdali wazo, ukuthi kwakunjani "kulelogumbi lokufundela."

Funda uGenesisi 2:7-23. Yini oyiqaphelayo lapha ngokuba nenhloso kukaNkulunkulu ekudaleni, ekubekeni, kanye neasekuqasheni uAdamu na?

UNkulunkulu wadala owesilisa nowesifazane ngomfanekiso Wakhe futhi wabanikeza ikhaya kanye nomsebenzi obalulekile. Uma ucabanga ngothisha nomfundi, lobu ngubudlelwane obufanelekile. UNkulunkulu wayewazi amakhono kaAdamu ngoba wayemdalile. Wayengamfundisa uAdamu, azi ukuthi uAdamu angafinyelela eqophelweni eliphelele.

UNkulunkulu wanikeza Indoda Umthwalo, kepha wayefuna futhi ukuba ithokoze. Mhlawumbe ingxenye yokunikeza intokozo kwakungukuba amnikeze imithwalo. Nembala, Ngubani ongatholi ukweneliseka kwentokozo, nakukho ukunikezwa imithwalo futhi uyenze ngokwethembeka na? UNkulunkulu wayeyazi inhliziyo kaAdamu kanye nalokho ayekudinga ukuba ahlume, ngalokho wanikeza uAdamu umsebenzi wokunakekela isivande saseEdeni. "UJehova uNkulunkulu wayesemthatha umuntu, wambeka ensimini yase-Edeni ukuba ayilime, ayigcine" (Gen. 2:15, NKJV). Kulukhuni ukucabanga, ngokwazi nje umhlaba onesono kuphela, ukuthi Ukusebenza kwakufaka ini futhi ngezifundo uAdamu ayezifunda njengoba esebenza futhi egcina ikhaya labo eliyinsimu.

KuGenesisi 2:19-23, uNkulunkulu udalela uAdamu abangani abayizilwane, futhi adale uEva njengonkosikazi kaAdamu. UNkulunkulu wayazi ukuthi uAdamu Wayedinga umlingani kanye nosizo lomlingani, wayesedala owesifazane.

UNkulunkulu wayazi futhi ukuthi Indoda idinga ukuba sebudlelwaneni obusondelene Naye, ngalokho wadala isikhala esisondelene eEdeni. Konke lokhu kufakazela ukuba nenhloso kukaNkulunkulu ekudaleni kanye nokuthanda Kwakhe isintu. Futhi, ekuqheleni kwethu okubanzi neEdeni, kulukhuni ukucabanga ukuthi kwakunjani nakuba kuthathekisa ukuzama ukucabanga ngako, akunjalo na?

Nakuba siqhelelene kakhulu neEdeni, singafunda izifundo endalweni. Yiziphi Ezinye zalezozifundo, futhi yini esingayizuza kuzo lapho sizihumusha ngesibuko seZibhalo na?

Ukungenelela

Okunye okujabulisa othisha kunakho konke ngukulungisa amagumbi okufundela: ukulengisa amabhodi okukhangisa, ukuhlela Izinsiza, kanye nokuhlela amagumbi ngendlela efanelekile. Lapho sibuka umbono kaNkulunkulu wegumbi lokufundela okwakuyiNsimu yaseEdeni, sibona ukucophelela ayenako ekulungiseni indawo yokufunda kaAdamu noEva. Wayefuna ubuhle bubazungeze. Singacabanga ukuthi yonke imbali, inyoni, isilwane, kanye nesihlahla kwakunikeza ithuba kuAdamu noEva ukuba bafunde kabanzi ngomhlaba wabo kanye nangoMdali wabo. Kepha kwabakhona inguquko ngesaquphe kusukela kuGenesisi 2 kuye kuGenesisi 3. Sizibalile zonke izinto ezinhle ezazidalwe nguNkulunkulu ngenhloso engcwele. Kepha kuGenesisi 3:1 siqwashiswa ngokuhlinzeka kukaNkulunkulu intando ekhululekile. Ukuba khona kwenyoka "enobuqili kunazo zonke izilwane zasendle" kungukuchezuka olimini obelusetshenziswa kuze kuba manje. Amagama anjengo "kuhle kakhulu" futhi "bengenamahloni" kanye "nokuthokoza" yizichazi ezisetshenziswa ukuchaza indalo kaNkulunkulu ezahlukweni ezandulelayo. Manje, nokho, sekukhona inyoka, kunenguquko olimini. Igama "ubuqili" liyavela. Ngokuphazima okungekuhle kuyethulwa kuloko, kuze kube manje, obekukuhle ngokuphelele. Ngokuqhathanisa, uGenesisi wethula uNkulunkulu ngokumelene "nobuqili." UNkulunkulu uveza ngokusobala ngokuqinile ngalokho akulindele kulaba ababili Ensimini. Siyazi emyalezweni kaNkulunkulu kuGenesisi 2:16,17 ukuthi usungule umthetho owodwa ongumongo okumele bawulalele, owokuthi bangadli emthini ongavumelekile. Noma yini enye esingayithatha kulendaba, kunye okugqamile: uAdamu noEva badalwa benelungelo lokuzikhethela, beyizidalwa ezazikwazi ukukhetha phakathi kokulalela nokungalaleli. Yingakho, kusukela ekuqaleni, nasemhlabeni ongenaso isono,sibona iqiniso lentando ekhululekile.

KuGenesisi 3:1-6, hlola izincazelo inyoka eyazisebenzisa futhi ezaphindwa nguEva. Yini oyiqaphelayo ngolwazi inyoka elunikeza uEva na? Yini oyiqaphelayo ngendlela uEva abuka ngayo umuthi wokwazi okuhle nokubi na?

KuGenesisi 2:17, iNkosi yatshela uAdamu ukuthi mhla edla kulomuthi "wayezokufa ngokuqinisekileyo." Ngenkathi uEva, kuGenesisi 3:3, ephinda lomyalezo, akazange awethule ngokuqinile, ekhipha igama "ngokuqinisekileyo." KuGenesisi 3:4, inyoka iyalibuyisela leligama kepha ngokuphikisana kakhulu nalokho uNkulunkulu ayekushilo. Kubukeka sengathi nakuba uEva wayefundiswe nguNkulunkulu Ensimini, akazange athathe ayekufunda ngokuqiniseka okwakufanele, njengoba sibona ngolimi alusebenzisa.

Ukushaya Esikhaleni

Njengoba sibonile izolo, nakuba umyalezo kaNkulunkulu wawusobala uEva—nasolimini lwakhe—wathambisa lokho ayekufundisiwe. Nakuba engazange abhimbise inkulumo kulokho iNkosi eyayikusho kuye, ngokusobala akazange akuthathele phezulu ngokwanele. Imiphumela ngeke saba nehaba kuyo. Ngalokho, ngenkathi uEva enqwamana nenyoka, waphinda (hhayi ncimishi) enyokeni lokho uNkulunkulu ayekushilo mayelana nemithi Ensimini (Gen. 3:2, 3). Nembala, lomyalezo wawungemusha enyokeni. Inyoka yayiwazi lomyalelo futhi izilungiselele ukuba iwuphice, ngalokho yasebenzisa ukuba msulwa kukaEva.

Hlola uGenesisi 3:4-6. Ngaphandle kokuphika Ngokuqondile lokho uNkulunkulu ayekushilo, yikuphi okunye inyoka eyakusho okwathi, ngokusobala, kwaphumelela kuEva na? Yiziphi izimiso eyazithatha kalula na??

Ngenkathi inyoka imtshela ukuthi ingxenye yombiko yayingelona iqiniso, uEva wayesenokuya kuNkulunkulu ukuyoqinisekisa. Yilobu ubuhle bemfundo yaseEdeni: ukufinyelela abafundi ababenako KuThisha Omkhulu kwakungaphezu kwalokho esingakucabanga emhlabeni. Nakuba kunjalo, kunokuba abaleke, kunokuba afune usizo lwezulu, uEva wamukela umyalezo wenyoka. Ukwamukela kwakhe umyalezo wenyoka obuyekeziwe kudinga ukungabaza okuthile kuEva ngalokho uNkulunkulu ayebatshele kona. Kusenjalo, uAdamu ungena esimweni esilukhuni. "UAdamu wayeqonda ukuthi umlingani wakhe wayephambuke emyalezweni kaNkulunkulu, eshaya indiva okungukuphela kokwalelwa okwakubekwe phezu kwabo njengesivivinyo sokwethembeka kwabo kanye nothando. Kwaba khona impi eyesabekayo engqondweni yakhe. Walilela ukuvumela kwakhe ukuba uEva asuke eduze kwakhe. Kepha manje isenzo sesenzekile; kumele ahlukane nalowo obudlelwane naye babuyinjabulo kuye. Wanyengakuvumela kanjani lokho na?"— Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets*, p. 56. Ngeshwa, nakuba azi okulungile kokungalungile, naye wakhetha okungalungile.

Cabanga ngamanga anendelelo: inyoka yathi uma bedla emthini, "babezofana noNkulunkulu" (Gen. 3:5, NKJV). Kodwa ngabe uGenesisi 1:27 akashongo ukuthi babefana noNkulunkulu na? Lokhu kungasifundisani ngokubalula kokuba sikhohliseke nokuthi kungani ukholo kanye nokulalela kuyiko kuphela isivikelo sethu, nakuba sinikezwe Imfundo engcono kunazo zonke, njengoAdamu noEva na?

Ukuzuza Kabusha Obekulahlekile

Ngenkathi uAdamu noEva bekhetha ukulandela umyalezo wenyoka, babhekana, phakathi kwemiphumela eminingi, nokudingiswa eklasini likaNkulunkulu. Cabanga ngalokho uAdamu noEva abalahlekelwa yiko ngenxa yesono sabo. Lapho siqonda ngokuwa kwabo, singaqonda kangcono inhloso yemfundo kithina esikhathini samanje. Ngaphandle kokudingiswa kwabo, impilo emhlabeni onesici yangenisa inhloso entsha yemfundo. Uma imfundo ngaphambi kokuwa kwakuyindlela kaNkulunkulu yokuba uAdamu noEva bazane Naye, nesimilo Sakhe, ukulunga Kwakhe, kanye nothando Lwakhe, ngemuva kokudingiswa kwabo umsebenzi wemfundo kumele kube ngowokusiza isintu sazane kabusha nalezozinto, kanye nokudala kabusha umfanekiso kaNkulunkulu kithina. Phezu kokuba besusiwe ngokwenyama phambi kukaNkulunkulu, abantwana bakaNkulunkulu basengakwazi ukumazi Yena, nokulunga Kwakhe, kanye nothando Lwakhe. Ngokukhuleka, izinkonzo, kanye nokufunda Izwi Lakhe, singasondelana noNkulunkulu njengoAdamu noEva eEdeni. Izindaba ezilungileyo ngezokuthi ngenxa kaJesu, kanye necebo losindiso, akulahlekile konke. Sinethemba losindiso kanye nelokuvuselelwa. Futhi okuningi ngemfundo yobuKristu kumele kube ngukukhomba abafundi kuJesu kanye nalokho asenezele kona kanye nemvuselelo asinikeza yona.

Funda u-2 Peter 1:3–11. Ngokubuka konke okwalahleka ngenkathi isintu sisuka Ensimini, lezizindimana ziyakhuthaza ngokuthi Kuningi okusengazuzeka kabusha. Yini ebhalwa nguPetro okumele siyenze ukuze sifune ukuvuselelwa komfanekiso kaNkulunkulu ezimpilweni zethu na?

NgoJesu, sinikezwe zonke “izinto ezimayelana nempilo nobuNkulunkulu” (NKJV). Isithembiso esingaka! Kungaba Yiziphi Ezinye zalezizinto na? UPetro usinikeza uhla: ukholo, ukulunga, ulwazi, ukuzithiba, ukubekezela, njalo, njalo. Qaphela, futhi, ukuthi ulwazi kungenye yezinto ezibalwa nguPetro. Lomqondo, nembala, usiholela emcabangweni wemfundo. Imfundo yeqiniso izoholela olwazini lweqiniso, ulwazi ngoKristu, kuthi ngalokho singafani nje Naye kakhulu, singama sabelane ngokwazana Naye kwabanye abantu.

Cabanga okwesikhashana ngeqiniso lokuthi umuthi owawenqatshelwe kwakungo “wokwazi ukulunga nokubi.” Lokhu kumele kusitshele ini mayelana nokuthi kungani kungelona lonke ulwazi olulungile na? Siwazi kanjani umehluko phakathi kolwazi olulungile nolungalungile na?

Abadelela Igunya

Abanye abantu bathathwa "njengabafundi ngokwemvelo" egumbini lokufundela. Abadingi nokutadisha ukuze baphumelele kakhulu. Bamukela ulwazi kalula. Ulwazi lwabo lubukeka "lunamathela." UPetro wesibili 1 no 2, nokho, ukuveza obala ukuthi imfundo yethu kuKristu iyithuba lamava alinganayo kulabo abazozinikela. Amazwi akhuthazayo ka-2 Petro 1 aqhathaniswa nesixwayiso esiphusile sika-2 Petro 2.

Funda u-2 Peter 2:1–17. Yimaphi amazwi anamandla nagwebayo awasho lapha na? Kusenjalo, phakathi kwalesisixwayiso nesigwebo esiqinileyo, yiliphi ithemba elikhulu esithenjiswa lona na?

Qaphela lokho okubhalwa nguPetro kwindimana 10 mayelana nalabo abadelela igunya. Ngukukhuza okuqinile kwalokho esibhekene nako nanamuhla. Thina njengebandla kumele sisebenze ngokubuka amazinga athile egunya (buka uHeb. 13:7, 17, 24), futhi sibizelwe ekuzinikeleni nasekuwalaleleni, okungenani kangangokuba ethembekile wona kuNkulunkulu. Nakuba kunjalo, phakathi kokugweba okuqinile, uPetro unikeza (kundimana 9) iphuzu eliphikisayo. Uthi nakuba uNkulunkulu enamandla okuchitha labo abakhethe inkohliso, "uNkulunkulu uyakwazi ukophula abangcwele ezilingweni" (NKJV). Kungenzeka yini ukuthi ingxenye yemfundo yethu ebuKristwini akukona nje ukugwema izilingo kepha futhi nokufunda izindlela eziningi uNkulunkulu akwazi futhi asihlenga ngazo kuzo futhi nokusisiza siphephe kuzo, uyaxwayisa, "uyakubhusisa izimfundisoze ngesinyelela" (2 Pet.2:1, NKJV) na? Futhi, njengoba ukwedelela abaphathi kugxijwa kangaka, akumele yini imfundo yobuKristu ifake nokufunda indlela elungile yokuqonda, ukuzinikela, kanye nokuthobela "labo ababusa phezu kwenu" (Heb. 13:7, NKJV) na?

Nakuba othile engeke asho ukuthi uAdamu noEva badelele igunya, ekugcineni bakhetha ukungalaleli lelogunya. Okwenza isono sabo sibe sibi kakhulu ngukuthi bakwenza ngokuphikisana ngqo nalokho lelogunya, uNkulunkulu ngoKwakhe, ayebatshele kona, futhi ekwenzele ubuhle babo, ngokunjalo.

Gxila kakhulu embuzweni wegunya, hhayi kuphela ebandleni noma emndenini, kepha empilweni ngokubanzi. Kungani igunya, kokubili ukusetshenziswa kwalo ngokufanele kanye nokuzinikela phansi kwalo ngokufanele, kusemqoka kangaka na? Woza nempendulo yakho eklasini ngeSabatha.

Funda Kabanzi:

"Isibili esingcwele sasingebona nje kuphela abantwana ngaphansi kokunaka kobubaba kukaNkulunkulu kepha babengabafundi bemukela ukuqeqeshwa okuphuma kuMdali ohlakaniphe ngokuphelele. Babevakashelwa yizingelosi, futhi bexhumana noMenzi wabo, kungekho mgubuzelo obasithayo phakathi kwabo. Babegcwele amandla abawathola emthini wokuphila, futhi amandla abo okucabanga ayengaphansi kancane kunawezingelosi. Izimfihlo zezwe elibonakalayo—'imisebenzi emangalisayo yalowo ophelele olwazini' (Jobe 37:16)—zazibanika umthombo ongapheli wemfundo kanye nentokozo. Imithetho kanye nokusebenza kwendalo, osekubeyingxenye yemfundo yabantu iminyaka engu-6,000, yayembuliwe ezingqondweni zabo nguMbumbi waphakade kanye noMphasi wakho konke. Babexoxisana neqabunga kanye nembali nesihlahla, beqoqa kuzo izimfihlo zempilo yazo. Kuthi ngezidalwa zonke eziphilayo, kusukela kwesikhulu kunazo zonke ezidlala emanzini kuye kwisinambuzane esintanta emisebeni yelanga, uAdamu wayekwazi konke. Wayekunikeze amagama, futhi wayazana nendalo nemikhuba yayo. Inkazimulo kaNkulunkulu emazulwini, imihlaba eminingi ehlelekile ekuzungezeni kwayo, 'ukulinganisana kwamafu,' izimfihlo zokukhanya nomsindo, zosuku nobusuku—konke kwakuvulelekile ukuba kufundwe ngabazali bethu bokuqala. Kulo lonke iqabunga lehlathi noma kwitshe lezintaba, kuyo yonke Inkanyezi ekhanyayo, emhlabeni nasemoyeni nasesibhakabhakeni, igama likaNkulunkulu lalilotshiwe. Ukuhleleka kanye nokuzwana kwendalo kwakukhuluma kubo ngokuhlakanipha kwaphakade kanye namandla. Babethola izinto ezithathekisayo ngasosonke isikhathi ezazigcwalisa izinhliziyo zabo ngothando olujulile futhi babenokubonga okusha."—Ellen G. White, *Patriarchs and Prophets,* pp. 50, 51.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Uma uNkulunkulu kwasekuqaleni wayehlose ukuba isikole/umsebenzi kube yithuba lesinto lokunqwamana Naye kanye nendalo Yakhe, ngabe sisahambisana nenhloso ekwenzeni kwethu namuhla na? Singazana kanjani kangcono noNkulunkulu ngomsebenzi wethu (oholelayo, imfundo, owokuzinikela, owobufundisi, njalo, njalo) na?

2. Lapho sibuka ubuqili bukaSathane Ensimini yaseEdeni, kulula ukukhathazeka ngobuthakathaka bethu. UAdamu noEva babazi ukuthi uNkulunkulu useduzane, kepha bamukela iqiniso elingaphelele lenyoka. Thina singenzenjani, singasondelene noNkulunkulu ngokwesiqu, ukuba siqhubeka nokuthola amandla Kuye okusilekelela sinqobe izilingo na?

3. Xoxani ngombuzo wegunya kanye nesizathu sokubaluleka kokulalela lelogunya. Yini eyenzekayo lapho igunya lifiphala na? Igunya lingasetshenziswa kanjani budedengu, futhi sibhekana kanjani nalokho na?